

UMHOLI



INkosi ikubusise, Mfowethu Neville.

Ngiyathaba kakhulu ukuba sebandleni lamuhla ebusuku. Ngitshe nje ilizwi kancane. Bekungani nguMbiko omude lamuhla ekuseni, futhi ngiyathaba sibili Bekulapha khona, loba. Futhi ngiwukholisile Wona minangokwami, ngiwethula Wona, futhi ngilethemba likholisile ukulalela Wona. [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.]

² Lingakhohlwa manje, lihlale likhumbula lokhu, ukuthi lezi yizo izinto ezakha inceku kaKhristu. Bona, ukukholwa kuqala, kulandele amandla. Futhi manje khumbula, uMoya oNgcwele angeke asibekele isakhiwo sikaNkulunkulu kuze kuthi lezi izinto zisebenze ngoMoya. Loba kuyini okwenzayo, bona. Lezo yizinto ezakha uMzimba kaKhristu, bona, izinto lezo. Manje, lingakhohlwa lokho, ukuthi lokhu *lapha* ngokokuqala, yikukholwa kwakho. Amandla, ulwazi, futhi lokunye, kumele kwengezwe kukho, kuze kuthi isimo esiphelileyo sikaKhristu senziwe sibonakale, ngakho uMoya oNgcwele abuye phezu kwakho futhi akuphawule njengo Mzimba munye. Izinto lezi kumele zibenjalo. Ngakhoke, uJesu wathi, “Ngezithelo zabo bayaziwa.” Bona, isithelo! Awungeke uthele isithelo ungela lezi izinto zokuthela khona kuwe. Futhi ke nxa lokhu kuthatha indawo yomhlaba lo—lokungesabi unkulunkulu, lokunjalo, ngakhoke konke ukungakhohwa kulahlelwe phandle, ngakhoke zonke izinto zomhlaba zedlule, ngakhoke kakusela okunye kodwa isidalwa esitsha kuKhristu. Futhi ke uEfesu 4:30 uthi, “Ungamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, ophawulwe ngaye kuze kube lusuku lokuhlangwa kwakho.” Uphawulwe eMbusweni kaNkulunkulu! Manje, lingakhohlwa lokhu. Likugcine engqondweni khathesi, kuthatha *lezi* zinto kuqala. Ngakho ukuphawula nguMoya oNgcwele, isiSibekelo esiphawulela thina eMzimbeni. Kulungile.

³ Sile—sile sicelo khathesi sika Dadewethu Little, owe Chicago, umkakhe ubesengozini yemota futhi ulele nje useduze lokufa, uDadewethu Little. LoEdith Wright, udadewethu omncane lapha esimaziyo okwesikhathi eside, yena uphatheke kakhulu, uphatheke kubi kakhulu, ekhaya lakhe kulobubusuku, futhi bebefuna ukumemezela lokhu ebandleni ukuze sonke sikhulekele isicelo lesi. Futhi manje kasikhothamiseni amakhanda ethu okwesikhatshana nje.

⁴ Baba wethu oseZulwini, oligugu, siyabuthana lapha (ngokukholwa) esiHlalweni sikaNkulunkulu, futhi sicela umusa kaNkulunkulu ngalezi zicelo. UMfowethu Little, ingozi yemota, uphosa ukufa. Nkulunkulu, msize. Makuthi uMoya oNgcwele

ubeseceleni kombeda wakhe njalo amlethe aphenduke kithi, Nkosi. LoEdith Wright omncane phansi lapha, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uMoya oNgcwele ubeseceleni kombeda wakhe kulobubusuku futhi ubuyisele impilakahle yakhe njalo. Siphe khona, Baba. Wena wethembisile izinto lezi, futhi siyazikholwa zona. Futhi njengoba besicabanga ekuseni lamuhla, ukuthi umango awutsho lutho Kuwe, Wena umkhulu nje kolunye uhlangothi lomhlaba njengoba unjalo lakolunye, ngoba Wena undawozonke, somandla, njalo awulamkhawulo. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Wena uzasipha lezi zicelo ngeBizo likaJesu Khristu. Amen.

⁵ Ngiyathaba kakhulu ukubalapha ebusukulobu njalo, uku...Futhi ngiyakwazi kuyatshisa. Leyi yimihlangano emithathu elandelanayo, futhi ku...Ngiyakwazi abanye benu lilamamayila angamakhulu amahlanu okutshayela phakathi kwakhathesi lekuseni. Futhi kuqala phambi kwakusasa, ngilenkulungwane lamakhulu amane okutshayela emuva kwalokho. Ngakho, ngakho ngi—ngithemba ukuthi bekuyisikhathi esihle senu kini lonke. Futhi bekuyisikhathi esihle kimi sokulivakatshela. Kulento eyodwa kuphela esiyicelileyo, abanengi babuyiselwe ngoba indawo kayeneli, angeke siminyanise kakhulu indawo zokuhamba, ugatsha lwezomlilo abasoze bakumele lokho. Ngakho siyazama khathesi ukuthola ibandla elikhudlwana, ukuze lapho siphakathi, futhi sibelandawo yokuhlalisa abantu.

⁶ Futhi manje, lobayisiphi isikhathi, uhlezi usemukeleka lapha ethabhanekeli, lapho esingela sivumankolo ngaphandle kukaKhristu, kungela mlayo ngaphandle kothando, asila bhuku ngaphandle kweBhayibhili. Futhi ngakho...Futhi umelusi wethu nguMfowethu Orman Neville lapha. Futhi sile bandla lapha la—labantu abanengi ababuthanayo njengethabhanekeli elingasonhlanganiso, lapho obuya lapha futhi ukhonze uNkulunkulu mayelana ngokutsho kwesazela sakho. Sihlala sijabula ukuba lani. Futhi ke libuye lapho lisenelisa, sihlala sijabula ukulamukela.

⁷ Futhi manje isikhathi esizayo, ngokwazi kwami, sokuba lani, kuyilapho ibandla seliqediwe. Futhi ngifuna lapho ke, ngemva kwe*Zizukulwane zeBandla*, lapho sifuna ukuya ke ezi*Mpawini* eziyisikhombisa zokucina, futhi i*Mpawu* zokucina eziyisikhombisa eBhukwini leSambulo, ukufundisa Lokho.

⁸ Futhi manje ezikhathini ezinengi kakhulu lapho abagulayo labahluphekileyo bayabuya, futhi phakathi kwalimihlangano, lapho okudingakala khona imbono, futhi bayabuya kungxoxisano eqakathekileyo. Nxa ngingena kulokho, ngakho angi—angitholi nje umahluko phakathi kwabo, futhi, hatshi, kuyanzimela ukukhuluma ngemva kwalokho. Futhi lonke liyakwazi ukuthi emkankasweni yethu yokusilisa, ukuthi uMnu. Baxter kumbe omunye wejwayele

ukutshumayela, futhi ngiyaphuma ngizokhulekela abagulayo, ngoba kunzima kancinyane. Futhi bengikhulekela abanye abantu emizuzwaneni esedluleyo, futhi ke ngihlangane lomntwanyana lapha odokotela... enye into emhlane wakhe, kuzelwe ngenye indlela. Ngiphuma, ngikubonile kuhlezi lapho kukupulasta. Lowo mntwana kasoze afa agogeka njenga lokho, uzasila. Qiniso, kunjalo, bona. Yiku, ngiyakwazi lokho. Bona, ngileqiniso ngakho. Ngakho sifuna ukuba lokholo lwethu njalo sikholwe kuNkulunkulu.

⁹ Omunye lamunye wenu, futhi abanengi benu kasazani, bonke abafundisi lokunjalo. Nxa ngingaphambanisanga, lowu nguMfowethu Crase. Yikho lokho na? Mfowethu Crase, ngi-ngifanele ukuxolisa kuwe, ngokungafiki khonale lapho kulokho kubusiswa. Mhlawumbe ngizafika phezulu lapho okomhlangano wempelaviki, kungaba kuhle nje. Yikho lokho na? Khonale eBloomington. Wenza kuhle yini? Kuhle. Abanye abafowethu lapha ngabafundisi, ngiyacabangela. Ungumfundisi? Yebo, mnuzane. INkosi ikubusise. Futhi bangaki abafundisi abasesakhiweni, kasibone isandla sakho. Hawuke, kuhle nje lokho. Siyathokoza ukuba lawe lapha, sithaba nje kakhulu. UNkulunkulu ahlale elibusisa!

¹⁰ Manje, ukuze siphume ke masinyane, abanye babo baya eGeorgia, eTennessee, eNew York, yonke indawo, kusukela kulobubusuku, kuqala kulobubusuku. Manje, litshayele liqaphele emgwaqweni. Nxa ususiba lobuthongo, ungafuni ukungena ehoteleni, tshayela uphumele eceleni komgwaqo futhi ulale uze u... Yiyo indlela engenza ngayo mina. Bona, tshayela nje uphumele eceleni futhi ulale. Unga, ungatshayeli lapho ulobuthongo. Kuyinto embi. Futhi, khumbula, kayisuwe, ngomunye umtshayeli okumele umqaphele. Bona? Uyakwazi ukuthi uyangaphi, awukwazi ukuthi yena uyangaphi, ngakho—ngakho kumele uqaphele lowo ndoda. Ngakho, ubeleqiniso ukuthi uvukile sonke isikhathi, ukuze ukukhangelele khona.

¹¹ Khathesi, ngithanda ukubala kulobubusuku ingxenye yoMbhala etholakala eBhukwini lika Johane oNgcwele. Manje, liMbhala emcane esiyibalayo njalo sikhombele kuyo, isipha isisekelo salokhu esizama ukukutsho. Futhi mihlayonke, kangizake lasikhathi sinye, ekukhumbuleni lobanini, ukuthi kangikaze ngize kuphuluphithi, ukuzama ukukhuluma ulutho nje ngokuphongukutsho. Ngihlezi ngizama ukulinda, ngikhangele, ngifundisise, ngithandaze, ngize ngizwe ukuthi sengilento engasiza abantu. Nxa ngingeke ngibe lusizo, ngakho akudingeki ukuthi ngime lapha mina, bona. Yiku, ukuzama ukunceda! Futhi manje kulobubusuku, kusobala, ingxenye enkulu yexuku lethu lihambe phandle kusukela ekuseni balamuhla, futhi bekumele beyekhaya, abanengi babo. Kodwa, kulobubusuku, ngilitshela ngathi nxa lisele sizazama ukuba nje lemizuzu engamatshumi amane lanhlanu okukhuluma

ngento engicabanga ukuthi izasinceda thina. Futhi sizasekela lokhu manje kuJohane oNgcwele, isahluko 16, futhi siqala phose ku—ku vesi 7 yesahluko 16, futhi sibale sizesifike ku—ku vesi 15.

Kodwa Ngilitshela iqiniso; Kulungele lina ukuba Ngihambe: ngoba nxa Ngingahambi, uMduduzi kayikuza kini; kodwa nxa Ngihamba, Ngizamthuma kini.

Futhi lapho esebuyile, uzakhuza umhlaba ngesono, futhi lokulunga, futhi lokwahlulela:

Ngesono, ngoba bengakholwanga yimi;

Ngokulunga, ngoba NgiyakuBaba, futhi lina kaliyikungibona;

Ngokwahlulela, ngoba umbusi walumhlaba wahlulelwe.

Ngilezinto ezinengi engingazitsho kini, kodwa angeke lizizwe khathesi.

Kodwake lapho yena, uMoya weqiniso, esefikile, uzaliholela eqinisweni lonke: ngoba kayikuzikhulumela ngokwakhe; kodwa lokho akuzwayo, uzakukhuluma: futhi uyakulitshengisa izinto ezizayo.

Ngoba, uyakungikhazimulisa: ngoba uzemukela kokwami, futhi alitshengise khona.

Zonke izinto uBaba alazo—alazo ngezami: ngakhoke ngithe Mina, ukuthi uyakuthatha okwami, futhi alitshengise khona.

¹² Manje kuli vesi u13. “Kodwake lapho uMoya weQiniso esebuyile, Wona uzaliholela kulo lonke iQiniso. Lapho uMoya weQiniso usubuyile, Wona uzaliholela eQinisweni lonke.” Kuyini iQiniso? YiLizwi. “Ngoba Yena uzakhuluma, Yena kayikukhuluma ngoKwakhe; kodwa lokho akuzwayo Yena, Yena uzakukhuluma. Akuzwayo Yena, Yena uzakukhuluma.” Ngamanye amazwi, uzakuba nguye Yena Lowo ozembula yona into, uyabona. Futhi isahluko 4 samaHebheru, iBhayibhili lathi “ILizwi likaNkulunkulu libukhali, lilamandla kakhulu kule nkemba esika nhlangothi zombili, li—liDalula imicabango yengqondo, inhliziyo.” Bona, “Yena akuzwayo, uyakukhuluma Yena, futhi alitshengise Yena izinto ezizayo.” Uyabona? Kuyini okuzenza lokho? UMoya oNgcwele Lowo ozakuza eBizweni leNkosi uJesu.

¹³ Futhi ngizathanda ukuthatha limzuzu emlutshwane ukuthi likhangele ibala “hola,” *UMholi*. Uyakwazi, ngike ngaba lesenzakalo esithile sibili eguswini. Umholi, lowo okutshengisa indawo. Kumele ube lomholi lapho ungakwazi oyakhona. Futhi ngiyayelane lokuzingela, futhi lomhlaba jikelele, ngike ngaba le—lethuba lokuhlangana labaholi. Futhi lami ngingumholi,

ngokwami, eColorado, ngoba ngokwazi ilizwe, ngifuya inkomo, lokunjalo, ngingahola eColorado.

¹⁴ Manje, umholi kumele akwazi indlela. Kumele abekwazi lapho ayakhona lokuthi wenzani, lokuthi uyakunakekela njani emgwaqweni. Bona? Kumele abone ukuthi kawulahleki. Umholi ngumuntu okhethiweyo. Uhulumende uyakhetha lindoda nxa ingumholi. Futhi, manje, ekuhambeni uhambo eguswini, lapho mhlawumbe ongejayelanga ukuya khona, akusinto enhle ukuhamba ungelaye. Ngeqiniso, ezinye indawo awungeke uhambe ungela lowo, isibonelo, eCanada. U—umholi kumele asayine ilayisensi yakho kumgcini wenyamazana. Kumele azisayinele kuyo, futhi ulomlando ngawe. Nxa kukhona okwenzakala kuwe, ngumlando wakhe. Kumele akunakekele wena. Kumele abone ukuthi kawulahleki. Kumele abeleqiniso ukuthi kakuhambisi lapho ongeke ubeyazi indlela yokuphenduka. Futhi nxa ulahleka, kufuze akwazi indawo kakhulukazi okokuthi uyanelisa ukukuthola loba nje yisiphi isikhathi. Kumele abezazi zonke lezi izinto kungesi lokho angeke abe ngumholi, angeke abelelayisensi yokuba ngumholi.

¹⁵ Okwezinto lezi, kwesinye isikhathi kumele ucele ilanga, ufone kuqala njalo wenze amalungiselelo, ubhuke ukuba ukhithshwe phandle. Futhi nxa i...Kwesinye isikhathi nxa egcwele futhi angeke akuthathe, kumele ume okwesikhatshana, oko—oko mholi wemhlabeni. Awusoze wenza njalo ngoMholi kaNkulunkulu, Yena uhlezi elungele, uhlezi elungele.

¹⁶ Manje, nxa ungawenzi lawa amalungiselelo, futhi ucabanga ukuthatha uhambo eguswini lapho ongakaze uye khona, ungacina ulahleka, njalo ubhubhe. Ulethuba phose elilodwa ekhulwini lokuphuma eguswini, lokho kuyikuthi, nxa kungaminyananga kakhulu, ungaba lethuba elilodwa ekhulwini lokuziphumela wedwa. Kodwa nxa kuligusu elibi kakhulu, emuva le, awula ngitsho ithuba lokuphuma. Akula ngenye indlela yokukwenza khona, ngoba uyazithola usujimile, futhi usu—usuphelele, ngakhoke usuphelile. Manje, futhi uyabhubha nxa ungela umholi oyaziyo indawo lokwaziyo ukuthi uyaphenduka njani.

¹⁷ Abanengi benu lijwayelene lamazwi elawabala umnyaka odluleyo eTucson, Arizona, lawo maBoy Scouts. Ngokunjalo, babefundisiwe ukwazi ukuthi bazinakekele njani, babengamavulandlela. Futhi babe ngasiwo ama Cub Scouts, babengamavulandlela apheleleyo. Futhi bathatha uhambo phezulu ezintabeni, futhi kwabuya isiphepho songqoqwane, imvelo yaguqula indawo yayo. Futhi sebethole ukuthi sebelahlekile futhi bonke babo babhubha, kungenxa yokuthi babe...okunye, inguquko ibuya isuka ekwenzeni kwenjayelo, babengakwazi ukuthi baphume njani. Bona? Futhi ngiyakhohlwa ukuthi ngabangaki abafana ababelapho abafayo entabeni, loba babe lamahelikophutha, futhi

leButho liphumile, njalo labaVikela iSizwe, futhi labazinikele ukuncedisa, lakho konke. Kodwa balahleka, akula okwaziyo ukuthi babengaphi. Futhi babengeke bazinakekele. Bonke babhubhela kungqoqwane ngoba babengakwazi ukuthi kumbe babesiya empumalanga, enyakatho, entshonalanga kumbe eningizimu, phansi kumbe phezulu, kumbe ukuthi khona kwakunjani, konke kwakhangeleka kufanana.

¹⁸ Manje, umholi uyakwazi lapho akhona, kungelani lomumo womkhathi. U—uhlomele ukwenza lokho. Uyakwazi akwenzayo. Wejwayelane lakho konke. Uyakwazi ukuthi konke kukhangeleka njani, ngakho engaba nje emnyameni futhi ezwe into ethile.

¹⁹ Isibonelo, nanti iqhinga elidala kumholi. Uyakwazi, nxa ungabona inkanyezi, loba ngubani engakutshela uqonda yiphi indlela nxa ukhangela inkanyezi. Futhi uhlezi ufuna ukukhangela inkanyezi yeqiniso eyodwa. Kulenkanyezi eyodwa yeqiniso, futhi leyo yiNkanyezi yeNyakatho. Bona, yona kuphela, ima endaweni yinye. Lokho kumela uKhristu, ofanayo izolo, lamuhla, laphakade. Abanye bengazulela khatshana, kodwa Yena uhlala efana. AmaBandla engakudonsela eceleni kwendlela *leyi*, kumbe amanye ekudonsele eceleni *leya* indlela; kodwa hatshi Yena, Yena uhlezi efana.

²⁰ Ngakhoke, khathesi, nxa ungeke ubone liNkanyezi yeNyakatho, njalo kulamayezi, ngakho nxa unanzelela, nxa kusemini njalo usulahlekile, nxa ungakhangelela izihlahla. Isihlahla sihlezi, utshanyana obusabulembu busenyakatho eceleni kwesihlahla, ngoba icele leningizimu lesihlahla lithola ilanga elinengi ukwedlula icele lenyakatho. Kodwa asithi kumnyama futhi kawuboni utshanyana obusa bulembu? Nxa ungavala amehlo akho futhi uzame ukungacabangi lutho, uvale amehlo akho futhi uthole isihlahla esilexolo elitshelelayo, bhodisa izandla zakho esihlahleni njengalokhu iminwe yakho ize ihlangane, njalo ubusuqala ukuhamba ubhoda lesi sihlahla kancane sibili. Futhi nxa ufika endaweni lapho ixolo lilohlonzi kakhulu, laphukile, yilo icele lenyakatho (imimoya), futhi ungabona indlela oqonda kuyo, inyakatho kumbe iningizimu. Futhi ngaleyo ndlela, o, kulezinto ezinengi, kodwa kuthatha abaholi ukuba kwazi ukwenza lezo zinto. Umuntukazana nje enyukele phezulu lapha futhi athi, “Angizwa umehluko kukho.” Bona? Bona, kumele ubengofundele ukuhola lokho.

²¹ Futhi laba abafana, akula kuthandabuza kodwa babengamavulandlela akahle, bengabe bekwanisa ukubopha amafindo, bengabe bekwanisa ukubasa umlilo ngamatshe, futhi lokunjalo njengalokho. Kodwa ukubayazi indlela yokuphuma kwakho, yiwo umqondo! Bona, kabayazanga indlela yokuphuma kwabo, ngakho bonke babhubha ngoba kabathathanga umholi kanye labo.

²² Ubaba ongacabangiyo, iminyaka emibili edluleyo, eColorado, o, wayehamba enyukela ezintabeni, wayelomfana omncane oleminyaka phose eyisithupha, eyisikhombisa ubudala. Wayezamthatha ahambe laye ekuzingeleni kwakhe inyamazana elempondo ezisangatsha okokuqala. Ngakho bahamba baqansa esiqongweni sentaba, futhi umfana omncane wathi kuyise, “Sengidinwa.”

²³ “Bhabhula emhlane wami. Kasikaqongi okwaneleyo okwakhathesi, inyamazana ezilempondo ezisangatsha zisesiqongweni.” Waqhubeka futhi waqhubeka futhi waqhubeka ehamba undoda waze wa... Wayengakwazi, wayeyindoda yedolobho. Wayengazi lutho ngokuthi uzingela njani kumbe ukuthi ahambe ngaphi. Wonke umuntu ololwazi ngegusu uyakwazi ukuthi inyamazana ezilempondo ezisangatsha kazihlali phezulu esiqongweni. Kaziyi phezulu le. Imbuzi ziyahlala phezulu le, hatshi inyamazana ezilempondo ezisangatsha. Ziphansi lapho ezenelisa ukudla khona, kumele zibe lapho okulolutho lokudla. Futhi, ngakho, kodwa lindoda yacabanga, “Nxa ngingaya phezulu emadwaleni kwenye indawo phezulu le, ngizathola enduna enkulu.” Wayebone umfanekiso wenye imi phezu—phezu kwedwala, futhi wacabanga ukuthi yikho ayezayithola khona. Unganaki ngitsho lokho lawo mamagazini akutshoyo, minabo, o, minabo, uyakuba lephupho elesabekayo! Lokho, kulento eyodwa yokwenza, yikuthatha umholi lapho okwazi khona ukuthi ungaphi.

²⁴ Futhi lowo baba, kweza khonapho izulu phezulu lapho, izulu lelo elibuya ngesiphangephange. Futhi indoda yazingela isikhathi saze saphela, kwaze kwaba mnyama futhi wehluleka ukuthola indlela yakhe yokubuyela. Futhi i... imimoya yeza yaqephula iziqongo zentaba, futhi laye ngokwakhe ehamba etshitsha, futhi yikho...

²⁵ Kumele ubekwazi ukuphepha, nxa ubambekile. Nanso enye into, ukwazi ukuphepha! Ngikhwele izihlahla njalo ngehla zona, futhi ngakhwela izihlahla njalo ngazehla, phezulu laphansi kanjalo, ukuze ngiphile. Ngathatha ungqoqwane lapho ungamafidi amane emaceleni wonke, ngephule isigodo futhi ngisibeke phansi. Futhi ngilambe kakhulu ngize ngiphose ngingakumeli khona! Futhi ngephule lezi izigodo ezindala, njalo ngizibase zona futhi ngekele kutshise futhi kuncibilikise ungqoqwane. Futhi ke phose ngehola lakuqala ekuseni, elesibili ihola, ngikhuphe izigodo, futhi ngilale phansi emhlabathini okhudumalayo, ukuze ngihlale ngiphilile. Futhi kumele ubekwazi ukwenza lezi izinto.

²⁶ Futhi lindoda yayingakwazi lokho ekwenzayo, wayengelamuntu okumqondisa yena. Futhi wayigona indodana yakhe encinyane esifubeni sakhe waze wayizwa iqanda futhi isifa. Ukungacabangi! Nxa nje wayethethe umholi wahamba laye, wayengamletha aphenduke esehla intaba

kungelani lokuthi yisiphi isikhathi, bona. Kodwa walinda kwaze kwabamnyama, ngakhoke kazange abone indlela yakhe yokuhamba.

²⁷ Yilo uhlupho ngamaKhristu lamhlanje. Bayama ubumnyama buze bufike, bese uthola ukuthi usuke ungela Mholi. UMholi!

²⁸ Ngenxayani, sewake wabona umuntu obelahlekile? Ukhona oseke wahlangana lokuletha umuntu olahlekileyo? Kuyinto ehawulisayo kakhulu ongakaze uyibone. Lapho umuntu elahleka, uyahlanya. Kakwazi ukuthi wenzani. Sabamba indoda phandle le, umfana, futhi wayelahleke emahlathini, futhi wayecatshangelwa... Wayengocina inkomo epulazini, kodwa wayesendaweni engayisiyo futhi wabeselahleka, waphenduka. Futhi sebemtholile emva kwensuku ezintathu, wayegijima njengomuntu ohlanyayo, eklabalalela phezulu. Indebe zakhe zonke zasezidlekile, futhi wajikela umbhobho wakhe khatshana njalo engakwazi ukuthi enzeni. Futhi lapho umfowabo, lapho... Bambamba futhi bambopha. Lapho umfowabo esiza kuye, wamlwisa njengenyamazana, wazama ukumluma, wayengakwazi ukuthi ungaphi. Ngenxayani? Wayelahlekile. Futhi nxa umuntu elahlekile, usesimweni sokudideka. Futhi kakwazi ukuthi ukuleso simo, ngoba ukulahleka kwakhe kuthumela leyifiva phezu kwakhe, futhi kakwazi ukuthi ungaphi njalo lokuthi wenza njani.

²⁹ Ngakhoke kunjalo lapho umuntu elahleke kuNkulunkulu! Uyakwenza izinto angeke azenze ngokwejwayelekileyo. Uyakwenza izinto ezi—eziphezu komcabango womuntu ukwenza. Umuntu olahlekileyo kuNkulunkulu, ibandla elilahleke kuNkulunkulu, ibandla elisuke kuNkulunkulu, lasuka ezelulekweni zeBhayibhili kaNkulunkulu, liyakwenza izinto ongeke zikhangelele ukuzithola ebandleni likaNkulunkulu ophilayo. Bayakuthola imali zabo ngemidlalo yobuqili, ukudlala ilotho, ukutshovamakhasi, loba kuyini abangakwenza. Bayakufundisa loba yini, bayekele loba yini kusenzeka, bembamathe emhlane amadoda abhadala kakhulu ebandleni, futhi lokunjalo nje, ukubayekela bekwenza khona. Yikho sibili. Bebeke amadikhoni kubhodi abathethe kane kumbe kahlanu, ukuze bakwekelele nje khona, ukuze bahlanganise iziphetho. Kulesiphetho esisodwa kuphela okumele usihlanganise, siyi, isibopho sakho kuNkulunkulu. Mana futhi ukhulume iQiniso! Olahlekileyo, umuntu olahlekileyo usesimweni sokudideka, ungumuntu ohlanyayo.

³⁰ Umholi ulokuzwisisa, ukuthi ahambe njani lokuthi enzeni. UNkulunkulu e... uNkulunkulu uhlezi ethumela umholi ebantwini Bakhe. UNkulunkulu kakaze ehluleke. Yena uyathumela umholi, kodwa kumele wamukele lowo mholi. Bona? Kumele ukukholwe khona. Kumele uhambe ngendlela atsho ngayo. Nxa ungena eguswini, futhi umholi wakho ethi “sihamba *ngali* ndlela,” futhi ke ubusucabanga ukuthi

uhamba *ngaleya* indlela, uyavumbuluka ulahlekile. Ngakhoke lapho u...uNkulunkulu yasithumela umholi wokusihola, kumele silandele lowo mholi. Loba kuyini esikucabangayo, yikuphi okungani kulengqondo futhi yikuphi okukhangeleka kungubuthutha, asikho ngaphansi kokwahlukanisa lokho, umholi nguye yedwa kuphela.

³¹ UNkulunkulu, eThestamenteni eliDala, wathuma abaprofethi. Babengabaholi, ngoba iLizwi leNkosi leza kumprofethi. Babengabaholi. Balayela abantu njengoba besilakho izolo ebusuku, ngo Isaya lo Uziya. Babelayelwe, futhi balayela abantu njalo babahola. Futhi khathesi uNkulunkulu uhlezi ethumela abaholi Bakhe, Yena kakaze ahlale engelaye umholi, kuzo zonke izikhathi. UNkulunkulu uhlezi elomunye lowo om'melayo Yena kulumhlaba, ezikhathini zonke.

³² Manje, kwesinye isikhathi bayasuka kumholi, “besuke endleleni,” njengoba sikubiza khona. Lapho uJesu elapha emhlabeni, alikhumbuli uJesu wathi kuba Farisi, “Lina baholi abazimpumputhe”? Baholi abazimpumputhe, baphumputhekile ezintweni zika moya. Bona? Manje, babemele babe ngabaholi, abaholi ebantwini, beholela abantu ensindisweni. Kodwa uJesu wathi, “Lizimpumputhe!” Futhi wathi, “Bayekeleni bodwa, ngoba nxa isiphofu sikhokhela esinye isiphofu, kabayikuwela bonke egodini na?” Impumputhe zabaholi! O, umhlaba ungcoliswe kanjani yilokho, ukuhola kwempumputhe. Yena kafuni ukuthi wena uyamele ekuzwisiseni kwakho. UNkulunkulu kafuni ukuthi wena uyamele ekuzwisiseni kumbe engqondweni yakho, kumbe layiphi imiqondo enziwe ngumuntu.

³³ UNkulunkulu uthumela uMholi, futhi uNkulunkulu ufuna wena ukhumbule ukuthi lowo nguye uMholi Wakhe omisiweyo. Futhi kumele simkhumbule Yena. Lapha Khona ithi, uJesu wathi, “Kangisoze ngilitshiye, kodwa Ngizakhuleka kuBaba futhi Yena uzalithumela omunye uMduduzi.” Futhi lowo Mduduzi, lapho Yena ezakuza, wayezasiholela thina kulo lonke iQiniso. Futhi iLizwi likaNkulunkulu liQiniso, leLizwi nguKhristu, “Mina ngiyiNdlela, iQiniso, leMpilo.” Yena uliLizwi, “Ekuqaleni kwakuliLizwi, leLizwi laliloNkulunkulu, iLizwi lalinguNkulunkulu. Futhi iLizwi lenziwa inyama njalo lahlala phakathi kwethu.” Ngakho nxa silandela uMholi weqiniso oqotho, uMoya oNgcwele, Yena wayezasitshela lokho ayekubonile Yena, lokho Yena akuzwileyo, futhi Yena asitshengise thina izinto ezizayo. Amen. Nanko ke. Yena uzalitshengisa izinto ezizayo.

³⁴ Futhi lapho amabandla lamuhla esala Lokho, singakhangelela njani ukuya eZulwini? Lapho uMoya oNgcwele ethunyelwa kithi okoMholi, siyakuthatha othile ukhadinali, othile ubhishopu, othile umbonisi omkhulu, kumbe omunye

onjalo ukuthi asihole, lapho uMoya oNgcwele waphiwa thina ukuthi usihole thina.

³⁵ Futhi uMoya oNgcwele uhlezi ekhuluma okweLizwi. “Ngilezinto ezinengi engzalitshela zona, alingeke likuzwisise Khona khathesi, kodwa lapho Yena esiza, Yena uzaliholela Kuzo.” Yiso isizatho sokuza kweziMpawu. Ekupheleni koPhawu lweSikhombisa, imfihlo kaNkulunkulu kufuze iqedwe, ukwazi ukuthi uNkulunkulu Ngubani, ukuthi uYini, ukuthi Yena uphila njani, imvelo Yakhe, iSimo Sakhe. Kufanele ngabe usuhambe phezulu *lapha* ngaleso isikhathi, bona, kusilethe kusimo esiphelileyo samadodana lamadodakazi kaNkulunkulu, iBandla eligezwe eGazini likaKhristu, elingathengwanga ngemali, elibhadalelwe ngeGazi likaJesu Khristu.

³⁶ Manje, nanko silapha, uMholi, futhi Yena unguMholi olethwe nguNkulunkulu. Khathesi, sihamba phakathi kwegusu, futhi sisendleleni siya kwenye indawo, futhi angeke sihambe singela uMholi. Futhi kakungabi lozama ukutshintshela komunye umholi! Nxa usenzanjalo, Yena uyakukhupha emzileni. LuMholi uyayazi indlela! Yena uyawazi wonke amaintshi endlela. Uyakwazi Yena wonke umcabango osenhlizweni yakho. Yena uyazi wonke umuntu olapha. Yena uyakwazi ukuthi ungubani lokuthi wenzeni, futhi konke ngawe. Yena unguMholi kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, futhi uyembula izinto kuwe, futhi akutshele izinto Yena azizwileyo, angaphinda amazwi akho abuyele kanye njalo etsho okukhulumileyo. Amen. Akutshele obe uyikho, olakho, lapho oyakhona. UMholi, uMholi oqondileyo, futhi Yena uzakuholela kulo lonke iQiniso, leLizwi Lakhe liQiniso.

³⁷ Manje, uMoya oNgcwele kasoze wenza, ukuthi “ameni” esivumakholweni esithile sabantu. Uyakugcizelela lonke iLizwi likaNkulunkulu ngo “ameni,” ngoba Lona linjalo. UMoya oNgcwele kakukhokheli kwenye indlela. Manje into engazwisisekiyo yileyi, ukuthi thina sonke, zonke inhlanganiso zethu ezinkulu lezinto, sonke sizitsho munye lamunye sikhokhelwa nguMoya oNgcwele, futhi kulokwehlukana okukhulu njengosuku lobusuku kithi sonke.

³⁸ Kodwa lapho uPawuli, lowo Mfarisi omcane owemukela uMoya oNgcwele lapho ebhaphathizwa nguAnaniya, futhi wasehamba eArabhiya njalo wafunda okweminyaka emithathu, waphenduka, futhi kazange wabuza ibandla ngalutho okweminyaka elitshumi lane, futhi lapho esebuye njalo wahlangana loPhetro, inhloko yebandla eJerusalema, bavumelana eMfundisweni. Ngenxayani? UMoya oNgcwele ofanayo! Lapho uPhetro abhaphathiza eBizweni likaJesu Khristu, uPawuli wenza okufanayo kungela owamtshelayo. Lapho uPhetro efundisa ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele, lokungwelisa, lokunjalo, uPawuli wenza into efananayo, engabuzanga ibandla, ngoba Khona kwakunguMholi munye.

Ngakho singaba njalo njani lamhlanje lapho abantu bephika lamaQiniso? Lapho uPhetro efundisa akwenzayo ngendlela yokuba ibandla libekwe ehlelweni njani, uPawuli waba leMfundiso efananayo, ngoba babeloMholi munye.

³⁹ UMholi kasoze ahambise omunye ngendlela *leyi*, futhi omunye ngendlela *leyana*, futhi athumele omunye empumalanga lomunye entshonalanga. Bona, Yena uzaligcina lindawonye. Futhi nxa nje singavumela uMoya oNgcwele asigcine sindawonye, siyaba munye. Nxa—nxa nje singavumeli udeveli akukhuphele emgwagqweni omubi, siyaba nhliziyoyinye, ingqondo yinye, sivumelane, ngoMoya munye, uMoya oNgcwele, uMholi kaNkulunkulu ozasikhokhelela kulo lonke iQiniso. Kuqondile lokho. Kodwa kumele ulandele uMholi wakho. Yebo, mnuzane.

⁴⁰ Khangela uNikhodimasi, wayefuna uMholi, enjalo eyindoda ekhaliphileyo. Wayengumfundisi, phose iminyaka engamatshumi ayisificaminwembili ubudala. Wayengowaba Farisi, kumbe—kumbe Amagama amaSanhedrin, IKhansili, InhlanganisoyabaFundisi. Wayengomunye wamadoda abo amakhulukazi, umfundisi koIsrayeli, eyingcwethi kukho. Cabanga, ingcwethi yokufundisa! Yebo, wayesazi imithetho, kodwa lapho sekusiza ekuzalweni kutsha, wayefuna uMholi. Wayekulambe khona. Wayekwazi ukuthi kwakumele kube lokunye okulomehluko. Ukuzibonakalisa kwakhe kuKhristu ngalobo busuku kwafakaza lokho. Khona kwafakaza futhi lokhu, umuzwa wabo bonke, kodwa akula kubo owaba laleso—leso sibindi ayelaso. Kwakungekho kubo ngitsho owayengabuya phezulu lapho njalo enze lokho akwenzayo. Lina lonke, bantu, liyamsola uNikhodimasi ngokubuya ebusuku. Wafika khona. Wafika. Ngiyakwazi abanye abantu abangeke nje baqalise, emini kumbe ebusuku. Kodwa wafika lapho, futhi wayefuna uMholi, futhi wathi, “Nkosi, thina,” esivela eGumeni leSanhedrin, “siyakwazi ukuba Wena unguMfundisi ovela kuNkulunkulu.” Ngenxayani wabakwazi khona? Yena wayefakazelwe. Bona, wayefuna ukwazi ukuthi lokhu kuzalwa okutsha kutshoni, futhi waqonda kanye kuye Lowo oqondileyo, ngoba uNkulunkulu wayefakazele ukuthi Lowu wayenguMholi Wakhe, uJesusu. Khangela akutshoyo, “Nkosi, siyakwazi ukuthi Wena umguMfundisi ovela kuNkulunkulu, ngoba akula muntu ongenza izinto oenzayo Wena, ngaphandle uNkulunkulu elaye.”

⁴¹ Kwaba yibufakazi khonapho, ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ophilayo phakathi Kwakhe. Lokho Yena akufakazayo, “Hatshi Mina engenza imisebenzi; nguBaba Wami ohlala Kimi. Ngiqinisile Mina ngithi kini, iNdodana ayingeke yenze lutho ngoKwayo; kodwa lokho Yona ekubona uBaba ekwenza, leNdodana yenza njalo. UBaba uyasebenza, futhi Lami ngiyasebenza kuzekube manje.” Ngamanye amazwi,

uNkulunkulu wamtshengisa Yena okokwenza, futhi Yena wahamba njalo wakwenza nje khona. Yena kenzanga lutho ngaphandle etshelwe nguNkulunkulu ukuthi akwenze Yena. Ameni. Yiwo amaqiniso aqotho alokho. Nxa nje singahamba futhi simelele uMoya uze usifuqe ukuthi sikwenze khona! Yikho lokho. Futhi sibengabalahleke ngokupheleleyo kuKhristu kuze kuthi Yena kungadingeki ukuthi akufuqe nxazonke njengalokho Yena akwenzayo kimi, kodwa ukunyikinya kwakuqala okuncinyane kwekhanda Lakhe, ulungele njalo akulanto ezakumisa, ngoba uyakwazi ukuthi leyo kuyintando kaNkulunkulu.

⁴² Wayefuna uMholi. Yena wayenguMholi ofakazelweyo. Wayengakhokhelwa ngulowu uMholi ngoba wayekwazi lowu uMholi wayefunzelelwe nguNkulunkulu. Wayesazi ukuthi imikhubo ayeyilandela, mhlawumbe ngabaFarisi, Sadusi, futhi loba yini okunye okunengi, wayelandele lezo zivumankolo sonke isikhathi futhi wabona kungelalutho olwenzakalayo. Kodwa nanso iNdoda isiza endaweni, isithi Yona ingu Mesiya othenjisiweyo eBhayibhilini. Ebesehenduka Yena futhi enze yona imisebenzi kaNkulunkulu. UJesu wathi, “Nxa ngingenzi imisebenzi kaBaba Wami, ngakho lingangikholwa Mina. Kodwa nxa lingangikholwa Mina, kholwani imisebenzi engiyenzayo Mina, ngoba yona ifakaza Ngami.”

⁴³ Ngakho, akumangalisi uNikhodimasi wathi, “Nkosi, siyakwazi Wena unguMfundisi ovela kuNkulunkulu, ngoba akula muntu ongenza izinto Wena ozenzayo uNkulunkulu engelaye Yena.” Bona, wafuna uMholi, loba wayeyinkosi yento leyo. Wayeyinkosi yebandla lakhe. Wayelobuntu, futhi waye le-lezindawo eziphakemeyo, futhi wayengumuntu omkhulu; kungela kuthandabuza, ehlonitshwa ngabantu bonke phakathi kwelizwe. Kodwa lapho kusiza ekuzalweni kutsha, wayefuna uMholi! Kunjalo lathi, yebo, sasifuna uMholi.

⁴⁴ UKhonestiyasi, wayeyindoda enkulu, indoda ehloniphekayo. Wakha amabandla. Wahlonipha amaJuda ngoba wayesazi ukuthi inkolo yabo yayiqondile. Futhi wabhadala iminikelo, njalo wakhuleka insuku zonke, kodwa lapho uMoya oNgcwele ebuyile (Enye into yayisiyengeziwe ebandleni), wayefuna uMholi. UNkulunkulu wamthumela uMoya oNgcwele. Yena wawuthumela Wona ngomuntu uPhetro, “Ngoba lapho uPhetro esakhuluma lawa Mazwi, uMoya oNgcwele wehlela kuye.” [Indawo engela lutho kuthephu—Mhl.] UNkulunkulu wasebenzisa uMholi ngoPhetro. Yena wawusebenzisa Wona, ngoba wakhokhela uKhonestiyasi endleleni eyiyo. Futhi lapho esakhuluma, uMoya oNgcwele wehlela kulabo abeZizweni. Ngakho wathi, “Umuntu angalela amanzi, ukuze laba bangabhaphathizwa na?” Bona, kulokhu kunguMholi okhulumayo, hatshi uPhetro. Ngoba lelo kwakulixuku lomJuda... kumbe labeZizweni, “bengahlambulukanga,

bengcolile” kuye, futhi wayengafuni lokuthi ahambe lakanye. Kodwa uMholi wathi, “Ngiyakuthuma.” Wenza izinto ongacabengeli ukuthi ungazenza, lapho nxa uMholi esiba lokukunqanda okupheleleyo, lapho umvumela Yena ekuhola. O, kumangalisa njani khona ukuholelwa nguMoya oNgcwele. Yena unguMholi. Kulungile. Yena wakhuluma ngoPhetro njalo wamtshela lokho okumele akwenze. Laphoke bonke sebemukele uMoya oNgcwele, wathi, “Angeke siyale amanzi, sibona laba bemukele uMoya oNgcwele njengathi semukela ekuqaleni.” Futhi bababhaphathiza eBizweni leNkosi uJesu. Manje, Ngubani owamhola ukwenza lokho? NguMholi owayekuye. Kabatshelanga yini uJesu, “Lingacabangi ngalokho elizakutsho, ngoba kayisini elikhulumayo; nguBaba ohlala phakathi kwenu, Yena nguye okhulumayo”? Ameni.

⁴⁵ Umthenwa, esehla evela eJerusalema. Futhi uNkulunkulu wayeloMholi emhlabeni ngaleso isikhathi, uMoya oNgcwele, futhi Yena wayelomuntu phansi le owayegcwaliswe ngulowu uMholi. Wayengayisuye lamtshumayeli, wayengathi ungumdikhoni. Futhi wayephansi le esilisa abagulayo futhi exotsha amadimoni, futhi ebangela isiyaluyalu esikhulu, intokozo enkulu yayisemzini. Wayelamakhulu abantu bembuthanele, futhi uMholi wathi, “Sokwanele kangako, asibuyele ngalindlela.” Kazange aphikisane loMholi wakhe.

⁴⁶ Ungaqali ukuphikisa iLizwi loMholi wakho. Mlandele Yena. Nxa ungakwenzi, uyaphuma ulahlekile. Futhi, khumbula, lapho umtshiya Yena, usuwedwa, ngakho sifuna ukuhlala siseduzane loMholi.

⁴⁷ Ngakho endleleni, Yena wathi, “Tshiya leli xuku manje, Filiphu, futhi uphume phandle uyenkangala lapho okungela muntu. Kodwa ngiyakuthuma phandle khonale, futhi kuzabe kulomunye lapho ngikuyisa phandle le.” Nangu esiza umthenwa eyedwa nje, wayeyindoda enkulu endlovukazini phansi Ethiyopiya. Ngakho wayesiza esehla, ebala iBhuku lika Isaya. Futhi uMholi wathi, “Sondela eduze kwenqola.”

Futhi wathi, “Uyakuzwisisa yini lokho okubalayo?”

⁴⁸ Wathi, “Ngingazwisisa njani lapho kungela muntu ongiholayo?” O, minabo! Kodwa uFiliphu wayeloMholi. Ameni. Futhi waseqala eMbhalweni ofanayo, njalo wamtshumayeza uKhristu. Ameni. UMholi! Hatshi ukumtshela isivumankolo, wamtshela ngoMholi, uKhristu! Futhi wambhaphathiza phandle le emanzini athile. Qiniso, kwakunjalo. O, ngikuthanda njani lokho!

⁴⁹ Lapho uSrayeli esuka eGibhithe esiya elizweni lesithembiso, kuExodusi 13:21, UNkulunkulu wayekwazi ukuthi babengakaze bahambe ngaleyo ndlela kuqala. Kwakungamamayela angamatshumi amane kuphela, kodwa ngokunjalo babefuna into ethile ukuthi ihambe labo. Babezalahlekelwa yindlela yabo.

Ngakho Yena, uNkulunkulu, wabathumela uMholi. Exodusi 13:21, okunjengalokhu, “Ngithumela iNgilosi Yami phambi kwenu, iNsika yoMlilo, ukuligcina endleleni,” ukubaholela besiya elizweni lesithembiso. Futhi abantwana baka Israyeli balandela lowo Mholi, Insika yoMlilo (ebusuku), iYezi emini. Lapho Yona Isima, bema. Lapho Yona ihamba, bahamba. Futhi lapho Yena ebfikisa eduze lelizwe, futhi babengafanelanga ukuthi bachaphe, Yena wabaholela babuyela enkangala njalo. Wayengeke ahambe labo Yena.

⁵⁰ Yikho okuyikho, ibandla lamhlanje. Kungela kuthandabuza kodwa ukubekezela kukaNkulunkulu lamhlanje, njengoba kwakunjalo ensukwini zika Nowa, ibandla ngabe kudala lahamba nxa ngabe nje laliqondisile futhi lama ngendlela. Kodwa Yena kumele asihole asibhodise futhi asibhodise futhi asibhodise.

⁵¹ Kakwazanga uIsrayeli, lapho bememeza, bebona amabutho afileyo eGibhithe, amabhiza agalulileyo, inqola zikaFaro zimbokothiwe, bathola ukunqoba kwabo, uMose eseMoyeni, ehlabela eseMoyeni, uMiriye mu egida eseMoyeni, njalo lamadodakazi kaIsrayeli egijima phansi phezulu ekhunjini, bememeza lokugida, babesalelwe zinsukwana ezilutshwane echagweni loluju. Kabakwazanga ukuthi kwakuyiminyaka engamatshumi amane khatshana, ngoba baqala ukukhonona phezu kukaNkulunkulu loMholi.

⁵² Futhi sizithola thina sisendleleni efanayo. Ngiya eShreveport emva kwalapha. Futhi uMoya oNgcwele wehla ngeLanga lokuBonga, eminyakeni engamatshumi amahlanu edluleyo, e—eLouisiana, ngeLanga lokuBonga. IBandla liwe kanjani kusukela kuleso isikhathi! Uyananzelela ukuthi ibandla leRoma Khatolika ekuqaleni kwalo lalilibandla lephentekhosti? Liqiniso lelo. Yikho kanye. Lona lalilibandla lephentekhosti, kodwa izikhulu ezomileyo zaqala ukungena njalo batshintshela i—iMbhala kaNkulunkulu emikhutsheni yabo, bengeza Kukho imfundiso, lokunjalo. Futhi khangela ukuthi balani khateshi, ngitsho okukodwa okoMbhala kukho konke. Bafaka esikhundleni sokunye ngokunye okuthile, ucezu lwesinkwa kuloMoya oNgcwele. Bafaka ukufafaza esikhundleni sokucwilisa. Bafaka u “Baba, iNdodana, loMoya oNgcwele” esikhundleni se “Nkosi uJesu Khristu.” Bafaka okunye esikhundleni sayo yonke leyi imibhalo kaNkulunkulu eyayibekelwe thina phansi, njalo bakhathshana, khatshana kakhulu, khatshana kakhulu leMfundiso yoMbhala.

⁵³ Futhi iPhentekhosti yehla eLouisiana, iminyaka engamatshumi amahlanu edluleyo, futhi nxa isima eminye iminyaka engamakhulu amabili, iyakuba khatshana kakhulu kulalapho okulebandla leKhatolika, nxa liqhubeka lisiwa ngendlela eliwe ngayo eminyakeni leyi engamatshumi amahlanu edluleyo, ngoba nje bayengeza kukho sonke isikhathi,

kokuphela. Abatshumayeli abakudala akusela. Imihlangano esitaladeni, awungeke uzwe langowodwa. Into yonke esilayo lixuku leHollywood elengezwe kukho, abesifazane abagunde inwele begqoke okabhudula, bapenda, njalo lakho konke, bezithi bangamaKhristu. OkuRicky okuncinyane kulekatari, kugijima phansi laphezulu endaweni, futhi abesifazane belezigqoko ezibambayo njenge...njengesoseji elisesikhunjani isi—isikhumba sabaphandle, phose, benyakaza phezu kweplatifomu, begijima phansi laphezulu kweplatifomu, begida belamacici endlebe elengela phansi, njalo belokunye lapha lokho okutsha ukugela kwekhosikazi lesizwe, ngakho khona kuzibize isiKhristu.

⁵⁴ Esikufunayo ngeyakudala, ethunyelwe nguNkulunkulu, inkolo exathulayo ezakuxathula umhlaba uphume ebandleni. Kumele siphenduke kuMoya oNgcwele loMlilo, sibuyele entweni etshisa isuse ingcekeza, kulethe ukutshumayela kwakudala kuphenduke, kwenze iZulu libe phezulu, lesihogo sivuthe, kuqonde okombhobho. Sifuna uhlobo olunjalo lokutshumayela. Kodwa ungakwenza lamhlanje, ibandla lakho liyakuvotela ukuba uxotshwe.

⁵⁵ Kwesinye isikhathi abatshumayeli abaqondileyo bayakhokhelwa ekulahlekeni ngamabandla abo. Yiso isizatho ngingela nhlanganiso. Ngilesigodlo sinye, esaseZulwini. Lobangaphi Angithuma khona, ngiyahamba. Lobayini ayitshoyo Yena, ngiyayitsho. Kasifuni inhlanganiso. Ibandla leli lingavele likhulume ngenhlango, selilahlekelwe ngumelusi wenu khonapho. Angeke ngihlale kulo, ngitsho kanye imizuzu emihlanu. Lonke ibandla elaba yinhlangano langena ekufeni, futhi ngitshele ngelilodwa elingayanga, futhi ungitshela ngelilodwa elake lavuka njalo. UMoya oNgcwele uthunyelwe ukuholela ibandla, hayi iqembu lamadoda athile. UMoya oNgcwele ugcewele inhlakanipho. Abantu bayoma nko, kabanaki.

⁵⁶ UNkulunkulu wabatshela ukuthi Yena uzabathumela uMholi, Yena uzabahola endleleni. Futhi lapho kuphela belandela leyo iNsika yoMlilo, babeqondile. Yena wabaholela phezulu esangweni lelizwe lesithembiso, futhike kwaba yilapho ahamba wafika khona Yena. Ngakho uJoshuwa, lelo qhawe elikhulu, khumbula ilanga abatshela khona bona, “Zingweliseni ngokwenu, ngosuku lwesithathu uNkulunkulu uzakuvula iJodani phansi lapho njalo sizachaphela phetsheya?” Manje khangela ukuthi wathini (Ngiyakuthanda lokhu) eMbhaweni, wathi, “Hlalani eduze ngemuva koMtshokotsho, ngoba kalikaze lihambe ngalindlela.”

⁵⁷ Wawuyini uMtshokotsho? ILizwi. Ungahambi indlela zakho zenhlango khathesi, hlala khona ngemuva kweLizwi, ngoba kawukaze uhambe ngalindlela. Futhi, mfowethu, nxa kwakekwaba lesikhathi lapho ibandla lesiKhristu okumele

lizihlole khona, yikho khona khathesi. Silapha khathesi lapho lumhlango omkhulu uyenziwa eRoma khona khathesi, imehluko iyenziwa, umanyano wamabandla, lapho lezi inhlanganiso ziyahlangana ndawonye ukubumba umfanekiso wesilo, khona sibili okutshiwo liBhayibhili. Futhi liyakwazi ukuthi sitheni ekuseni eMibikweni. Futhi nanku silapha, konke kanye emnyango, futhi abantu lokhu belandela isivumankolo. Kungangcono uhlale ngemva kweLizwi! ILizwi lizakuholela phetsheya, ngoba iLizwi nguKhristu, loKhristu nguNkulunkulu, loNkulunkulu nguMoya oNgcwele.

⁵⁸ Hlala ngemva kweLizwi! O, yebo, mnumzane! Hlala lalowo Mholi. Hlala khona ngemva Kwalo. Ungabi phambi Kwalo, hlala ngemva Kwalo. Yekela Lona likukhokhele, ungalikhokheli Lona. Yekela Lona lihambe.

⁵⁹ UJoshuwa wathi, “Manje, kalikaze liyhambe lindlela, kalazi lutho ngendlela.”

⁶⁰ Yilo uhlupho lamhlanje. Kawudingi umholi ukuthi akuholele endleleni ebanzi. O, uyayazi yonke imikoto lakho konke okunye. Uyayazi yonke indlela yesonweni. Akula... O, ubekhona okwesikhathi eside. Akudingeki ukuthi omunye azame ukukutshela ngalokho, uyakwazi ukuqumela konke. Yikho sibili, sonke isono, uyakwazi ngakho konke. Akula ongakutshela ukuthi kutshontshwa njani; uyakwazi lokho. Akula ongakutshela ukuthi uthuka njani; uyakwazi lokho. Akula ongakutshela ukuthi wenza njani izinto ezimbi lezi, ngoba kunamathiselwe kuso sonke isihlahla yonke indawo.

⁶¹ Kodwa, khumbula, lina bantu elingamaKhristu, selichaphela phetsheya. Selikwelinye iLizwe. Lizelwe kutsha. liseLizweni, iLizwe laseZulwini. liseLizweni lesithembiso.

⁶² Ungakhangelela, uyayazi indlela yakho lapha. O, mina, yebo. Uyakwazi ini—ini, ukuma kanjani esandleni samakhadi athile. Uyakwazi ukuthi idayisi, lapho ligiqika, ukuthi kutshoni, futhi konke njalo nje. Kodwa lapho kusiza ekwazini ubungcwele lokulunga lamandla kaNkulunkulu, lokuthi uMoya oNgcwele usebenza njani lokuthi wenzani Wona, kungangcono uhlale ngemva kweLizwi, uMholi. Bona? Kawukaze uhambe ngalindlela.

⁶³ Hawu, uthi, “Ngingumuntu onгани uhlakaniphile, Ngangila—ngangilamabili amadigri ekolitshini.” Ngcono ukhohlwe ngakho. Yebo, mnuzane.

⁶⁴ “Ngedlula esikolo.” Ngcono ukhohlwe ngakho. Yebo. Ngcono uhlale ngemva kukaMholi. Umvumele Yena akuhole. Yena uyayazi indlela; wena kawuyazi. Kawukaze uhambe ngalindlela. “Awu,” uthi, “bakwenzile.”

⁶⁵ Khangela nxa bekwenzile. UJesu wathi, “Labo abahambe lindlela, lezi zibonakaliso zizabalandela. IBizo Lami, bayakuxotsha amadimoni, bakhulume ngendimi ezintsha;

kumbe baphathe inyoka kumbe banathe okubulalayo, kakuyi kubalimaza. Nxa bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayakusila.” Abanengi babo bayakwala Khona, bayakuphika Khona, bathi vele Kakufunzelelwanga. Kabalandeli uMholi. Balandela isivumankolo esenziwe ngumuntu. Kungcono uhlale khona ngemva kweLizwi, ngoba kawukaze uhambe ngalindlela, uyazi.

⁶⁶ Kodwa uzalwe kutsha, futhi uzalelwe ebungcweleni. Kawukaze uhambe ngalindlela. Udlu... Nxa uhamba ngalindlela, kumele ubuye ngobungcwele, ngoba liLizwe elitsha, iMpilo entsha, abantu abatsha.

⁶⁷ Uzabuya ebandleni futhi uzwe omunye esukuma, ememeza, “INKazimulo kuNkulunkulu! Haleluya!”

⁶⁸ Yindaba, uzathi, “Minabo, habe, kabakaze bakwenze lokhu ebandleni lami! Ngizasukuma njalo ngiphume ngihambe!” Umhum. Bona? Qaphela.

⁶⁹ Hlala ngemva kweLizwi, khathesi, yekela uMholi akukhokhele. “Yena uzakukhokhela kulo lonke iQiniso, futhi embule lezi izinto engikhulume ngazo kuwe. Yena uzakutshengisa lokho. Yena uzakutshela izinto ezizayo,” uMholi weqiniso. Ungayi kubhishopu; hamba kuMholi. Ungayi kuloba ngubani kodwa uMholi. Yena Nguye owathunyelwa ukukuhola. Yena Nguye ozakwenza khona. UNkulunkulu ukuphe uMholi. Thatha indlela kaNkulunkulu ephiweyo.

⁷⁰ Uhlupho lwakho yikuthi lamhlanje, ukuthi abantu bayabuya ebandleni ukuzohlala nje imizuzu emlutshwane, kwenzeke into abangayijayelanga.

⁷¹ Ngancoma owesifazane omcinyane ovela ebandleni elipholileyo elibuthukuthuku, ngamkhulekela nje. UNkulunkulu uzakumsilisa owesifazane omcinyane. Kazange akuzwisise lokhu. Kazanga lutho ngakho. Wangena, wathi wayengakwazi. Kodwa ngamtshela, “Buya futhi uzongibona.” Wayengani ulamahloni njalo esalele emuva, kodwa uMholi wayelokhe emtshela, “Hamba.” Wakubamba khona. Yikho lokho. Bona, kungenxa kaMoya oNgcwele osiholelayo entweni lezi. Bona, uNkulunkulu ulendlela ephiweyo.

⁷² Sewake wa... Uke wananzelela lawo madada amakhulu awangeni ehamba phetsheya, amadada esiya eningizimu? Kahleke, manje khumbula, lelo dada elincane elidala lazalwa phezulu phetsheya echibini kwenye indawo. Kalazi impumalanga, inyakatho, intshonalanga, leningizimu. Kalazi lutho ngaphandle kokuhlala echibini phezulu ngale ezintabeni eCanada. Kalikaze lisuke kulelo chibi, kodwa lazalwa lingumkhokheli. Lelo dada eliliqhude elincinyane lazalelwa ukuba ngumkhokheli. Futhi into yakuqala, ngobunye ubusuku kwabakhona ungqoqwane omkhulu owabuya udabula phezulu kwezintaba. Kwenzakalani? Lowo moya oqandayo uyehla

phansi udabula phakathi lapho. Sengathi ngiyalibona liquqha, lisithi, “Mama, kutsho ukuthini lokho?” Bona, kalikaze lizwe umumo womkhathi oqandayo. Liqala ukunanzelela indawo yonke, liqala ukunanzelela yonke indawo eceleni kwechibi, kuqala ukuqanda, ungqoqwane usiza echibini. Kalikwazi, kodwa dukuduku...Lazalelwa ukuba ngumholi kulowo mhlambi wamadada. Liyeqa khona phakathi kwalelo chibi lapho kulitshaya lona. Ungakubiza loba ngakuphi okufunayo. Sikuthi yikuphefumlelwa, kumbe ungakutsho njalo, o, nje umzwangedwa, loba kuyini. Liyakuya khona phakathi laphakathi kwalelo chibi, likhuphele emoyeni lowo mlonyana, futhi lithi, “Honku-honku, honku-honku!” Futhi lonke idada echibini lizeza kulo. Yindaba? Ayamazi umkhokheli wawo, ngendlela nje akhala ngayo.

⁷³ “Nxa uphondo lusipha umsindo ongazwakaliyo, ngubani ongazilungiselela impi na?” Yikho. Ngubani ongazilungiselela impi nxa uphondo lukhala lungazwakali?

⁷⁴ Hawuke, nxa lelo dada elincinyane lingakhala lingazwakali, ngubani ozazilungiselela ukuphapha? Lelo dada elincinyane elidala liyakuphakamisa umlonyana walo omncane phandle ngale, futhi limemeze, “Honku-honku, honku-honku!” Futhi lonke idada elincinyane liyabuya kulo. “Honku-honku, honku-honku!” Nanka ke lapha. Aba lokukhululeka okunjani, khona phakathi laphakathi kwechibi, imbinqika nje ephinda njalo ephinda njalo ephinda. Ngemva kwesikhathi lizwa khona kubuya kulo, sokumele lihambe. Liyakwelula amaphiko alo amancane ehle futhi liphaphe lisuke echibini, liye phezulu emoyeni futhi beselibhoda kane kumbe kahlanu, futhi lihambe nje liqonde nta eLouisiana ngokwenelisa kwalo, lonke idada khona ngemva kwalo. “Honku-honku, honku-honku,” nanto lisiza. Ngenxayani? Lingu mholi! Ameni! Amadada ayawazi umholi wawo, ibandla kalimazi. Ye, liyakhwazi ukuthi lenzeni.

⁷⁵ Khangela lawo madada amakhulu amadala, avela khonale eAlaska. Manje, kuleqhude elidala elihlala liwakhokhela, futhi wona lawo madada amakhulu kumele akhangele sibili lelo eliduna. Kumele abekwazi ukuthi lelo qhude likhuluma ngani. Ukwakubala lokho ku *Look* magazine lapha phose iminyaka emine edluleyo, lapho iqhude ledada elidala kwesinye isikhathi lalingakwazi elikwenzayo, futhi laselikhokhela ixuku lamadada amakhulu indlela yonke esiya eNgilandi? Yikho sibili. Kakaze azakale eseNgilandi. Yindaba? Kawazange ananzelele owabo—owabo umkhokheli. Lelo qhude ledada elidala kalazanga lapho elalisiya khona. Futhi khathesi asephetsheya khonale futhi kawasanelisi ukuphenduka.

⁷⁶ Yilo uhlupho ngawo lawo amadada amakhulu amanengi lamhlanje, lokhu ebuthana. Bathi, leyo *Look* magazine yathi, lawo madada amakhulu abuthana futhi aphapha phezulu kwe Ngilandi, kodwa kawasakwazi ukuthi abuyele njani emuva.

Yiyo indlela okuyiyo ngalawa amanye *amadada* engiwaziyo. Lilombuthano, lomhlangano omude omkhulu, futhi libe lomvuseleli othile obuyayo futhi atshumayele okwesikhathi, kodwa kalikwazi lapho eliya khona. Liyabhuza libhoda njalo libhoda, ngoba lithole iqhude ledada lokulikhokhela liphumele ekuthathekeni kwenhlangano; futhi hatshi ukubuyela eLizwini likaNkulunkulu, ukubuyela ekubhaphathizweni kuka Moya oNgcwele. Futhike besesimangala kungani singelayo imvuselelo ensukwini zethu. Um-hum. Bona? Kumele uthole lokho kuKhala okuzwakalayo! Lokho kuKhala kwezwi luphondo lweVangeli luphefumula lukhupha iVangeli, lonke iLizwi lika Nkulunkulu. Hatshi isivumankolo, hatshi inhlanganiso; kodwa iBhayibhili, uMoya oNgcwele. “Lezi izibonakaliso zizabalandela abakholwayo.” Bona? Futhi nampo bayahamba besehla ngomgwaqo.

⁷⁷ Elinye iqhude ledada elidala kwesinye isikhathi, bathi, labulalisa ixuku, lizama ukuwaphaphisa phakathi komnyama, kalazanga lapho elalisiya khona, ngokwalo, futhi wonke atshayelela ezintabeni phandle khonale, amanye awo avuthuzeka, ampantshazeka. Qiniso! Kufuze abekwazi ukuzwakala kokukhala kwawo. Lelo dada elincinyane elidala, nxa lilokukhala okuzwakalayo futhi wonke esazi ngawo, ayaba lokubuthana kwejubhili futhi ayasuka eqonde eningizimu. Ahambelani phansi khonale? Lapho okungela mqando.

⁷⁸ Manje, nxa uNkulunkulu esipha idada umuzwa oweneleyo ukwazi ukuthi livike njani umqando, kumele Yena aphe kanjani ibandla na? Nxa idada lingakwenza lokho ngomzwangedwa, uMoya oNgcwele ke ebandleni? Kumele kusiholele thina sisuke kumikhubo emdala lezivumankolo lezinto, siye enkazimulweni, emangalisayo yombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kuletha amandla, ulwazi, ukubekezela, ubunkulunkulu, futhi loMoya oNgcwele. Yikho uMholi oqotho akukhokhelayo, ngoba Yena kayikuphefumula lutho kodwa iVangeli, iLizwi nje likaNkulunkulu. Qiniso, ufuna uMholi!

⁷⁹ Lapho, *amadoda* ahlakaniiphileyo, ayengazi lutho ngoNkulunkulu. Babe—babe senza amasalamusi, abamasalamusi. Babephetsheya empumalanga. Uyakwazi, iBhayibhili lathi, “Siyibonile iNkanyezi Yakhe eMpumalanga, silande ukuzomkhonza Yena.” Babevela entshonalanga, bakhangelanga empumalanga futhi babona iNkanyezi Yakhe... kumbe bakhangelanga entshonalanga, babeseMpumalanga. “BesiseMpumalanga, njalo sayibona iNkanyezi Yakhe entshonalanga.” Bona? “Siyibonile iNkanyezi Yakhe eMpumalanga.” Futhi, bona, babeseMpumalanga. “Lapho siseMpumalanga sayibona iNkanyezi, futhi silande ukuzomkhonza Yena.”

⁸⁰ Sengathi nje ngibona labo bafu belungiselela ukuhamba. Sengathi ngibona omunye wabafazi babo esithi kuye, wathi,

“Awubo, upakitshile konke, kodwa ingaphi inkombandlela yakho?”

Wathi, “Angi—angisoze ngiyisebenzise inkombandlela kulesi sikhathi.”

⁸¹ Wathi, “Uzadlula njani ezintabeni?” Khumbula, kwakumele bachaphe uMfula uTigris futhi behle bequme emafusini, futhi le...ngani, babelohambo lweminyaka emibili begade amakamela. Babezakwenza njani? Wathi, “Awu, kawuthathi loba lenkombandlela.”

Wathi, “Hatshi.”

“Uzahamba njani?”

⁸² “Ngihamba ngendlela kaNkulunkulu ephiweyo. Leyo Nkanyezi phezulu le izangikhokhela ingise kuleyo Nkosi.” Yikho lokho.

⁸³ “Siyibonile iNkanyezi Yakhe eMpumalanga, futhi siyilandelile Yona yonke indlela lapha entshonalanga, ukuzomkhonza Yena. Ungaphi Yena?” Balandela indlela kaNkulunkulu ephiweyo. Babopheka okwesikhatshana ngexuku lezivumankolo phansi le. Bafika eJerusalema futhi baqala ukuhamba phansi laphezulu esitaladeni, laba bantu abagqoke kakuhle, besithi, “Ungaphi Yena? Ungaphi Yena ozelweyo eyiNkosi yabaJuda?” Awuke, kwakuyinhloko leyo, kwakuyi Jerusalema. Ngeqiniso ibandla elikhulu kufuze libekwazi ulutho Ngakho. “Ungaphi Yena? Ungaphi Yena ozelweyo eyiNkosi yabaJuda? Siyibonile iNkanyezi Yakhe eMpumalanga, silande ukuzomkhonza Yena. Ungaphi Yena?”

⁸⁴ Yindaba, baya ngale ku melusi *Sibani-bani* futhi lakumpristi omkhulu *Sibani-bani*, akula kubo owayesazi ulutho Ngakho. “Ngenxayani, ukhona Oyedwa ozelweyo eyiNkosi yabaJuda, ungaphi Yena?” Babengakwazi.

⁸⁵ Kodwa kwakukhona ixuku labelusi phandle le eceleni kweqaqa belesikhathi nje bona, yebo, mnuzane, ngoba babeze ngendlela kaNkulunkulu ephiweyo.

